Isifundo 9

** 22–28 Nhlolanja*

Kusuka Ekungcolisweni Kuye Ekuhlanjululweni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Daniyeli 8, Daniyeli 2:38, Genesise 11:4, Levitikusi 16, Heberu 9:23-28.

Indimana Yekhanda:
"Wathi kimi: 'Kuyoze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese yihlanjululwa indlu engcwele' " Daniyeli 8:14.

Umbono esifunda ngawo kuDaniyeli 8 wanikezwa kumprofethi ngo 548/547 B.C., kanti usinika incazelo ebalulekile ngokwahlulela okukhulunywa ngakho kuDaniyeli 7. Ngokwehlukile emibonweni kaDaniyeli 2 no 7, umbono kaDaniyeli 8 ushiya ngaphandle iBhabhiloni, uvele uqale ngeMedo-Pheresiya, ngoba ngalesikhathi iBhabhiloni lase lisezingeni lokwehla, kanti amaPheresiya ayesezothatha indawo yeBhabhiloni njengombuso olandelayo womhlaba wonke. Umbono kaDaniyeli 8 ufana nalowo kaDaniyeli 7. Ulimi nemifuziselo kuyashintsha kuDaniyeli 8 ngoba ugqamisa kakhulu ukuhlanjululwa kwethempeli lasezulwini ngokuxhumene nosuku lokubuyisana lwasezulwini. Kanjaloke igalelo eligqamile lika Daniyeli 8 lisekugxileni kwakhe emikhakheni yethempeli lasezulwini. Ngesikhathi uDaniyeli 7 ebonakalisa isigcawu sasezulwini neNdodana yoMuntu yamukela umbuso, uDaniyeli 8 ubonakalisa ukuhlanjululwa kwethempeli lasezulwini. Ngakhoke, njengoba ukufana phakathi kwalezahluko ezimbili kutshengisa, ukuhlanjululwa kwethempeli lasezulwini esikubona kuDaniyeli 8 kuhambisana nokwahlulela kukaDaniyeli 7.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 29 Nhlolanja.*

Inqama Nempongo

Funda kuDaniyeli 8. Uphathelene nani lombono, futhi ufana kanjani nesikubone kuDaniyeli 2 no 7?

NjengakuDaniyeli 2 no 7, lapha sinikezwa omunye umbono wokuvuka nokuwa kwemibuso yomhlaba, yize kusetshenziswa imifuziselo eyehlukile. Lemifuziselo ixhumene ngqo nethempeli likaNkulunkulu. Kulombono, kusetshenziswa imifuziselo yenqama nempongo ngenxa yokuxhumana kwayo nezinkonzo zosuku lokubuyisana, okwakuyisikhathi sokwahlulela kwaIsrayeli wasendulo. Izinqama nezimpongo zazisetshenziswa emihlatshelweni enkonzweni yethempeli. Kodwa kwakungosuku lokubuyisana kuphela lapho inqama nempongo kwakukhulunywa ngazo zombili ndawonye. Kanjalo-ke, lezilwane zombili zikhethwe ngamabomu lapha ukuvusa umcabango wosuku lokubuyisana, okugxilwe kulona kakhulu kulombono.

Njengoba umbono uqhubeka, uDaniyeli ubona inqama iqhubukusha ngasentshonalanga, enyakatho, neningizimu (Dan. 8:4). Lomyakazo onxantathu ukhomba ukwanda kwalombuso: “Kwakungekho silo ebesinokuma phambi kwayo; kwakungekho ongophula esandleni sayo, kepha yenza njengentando yayo, yazikhulisa” (Dan. 8:14). Njengoba ingelosi yachaza, inqama enezimpondo ezimbili imele umbuso wamaMedo-Pheresiya (Dan. 8:20), kanti izinhlangothi ezintathu kunokwenzeka ukuthi zazikhomba ukunqoba okuthathu okumqoka kwalombuso.

Okulandelayo, kuqhamuka impongo enophondo olukhulu, olumele umbuso wamaGreki ngaphansi kuka Alexander the Great (Dan. 8:21). Ukuthi impongo “yayingawuthinti umhlaba” (Dan. 8:5), kutshengisa ukuthi yayihamba ngesivinini. Lomfuziselo ukhomba ukushesha kokunqoba kuka Alexander, lokho uDaniyeli 7 akufanekisa ngengwe enamaphiko. Kodwa, njengoba sisho isiprofetho, kwathi lapho impongo “seyikhulile kakhulu, lwaphuka uphondo olukhulu” (Dan. 8:8), esikhundleni sayo kwavela izimpondo ezine, ezenabela emagumbini omane omhlaba. Lokhu kwagcwaliseka ngesikhathi uAlexander efa eBhabhiloni ngoNhlangulana ka 323 B.C. eneminyaka engu 33, umbuso wakhe wehlukaniswa phakathi kwezikhulu zempi yakhe ezine.

Phakathi kuka Daniyeli 2:38 no Daniyeli 8:20, 21, siwatsheliwe amagama emibuso kwemine evezwe emibonweni. Leliqiniso elimangalisayo kumelwe likuqinise kanjani ukufaneleka kwendlela esihumusha ngayo leziprofetho na?

Ukukhula Kophondo Oluncane

Funda uDaniyeli 8:8-12 ngokucophelela. Uphondo oluncane luya ngakuphi, futhi kubaluleke ngani ukuthi sikuqonde lokho?

Ngemuva kokufanekisa izimpondo ezine ezikhomba emimoyeni yomine yezulu, indimana ithi kwavela uphondo oluncane. Umbuzo lapha uthi ngabe loluphondo noma umbuso luvela kolunye lwezimpondo ezine yini esibone izolo ukuthi zimele izinduna ezine zika Alexander—noma omunye wemimoya emine. Indlela lamazwi akhiwe ngayo olimini lwendabuko itshengisa ukuthi loluphondo luvela komunye wemimoya emine yezulu. Kantike, njengoba lombuso uvela ngemuva kombuso wamaGreki nemixhantela yawo emine, kunokuvumelana ngokuthi loluphondo yiRoma, eyayingakholwa naleyo eyayikholwa, kaPhapha. "Loluphondo oluncane lumele iRoma ngemikhakha yayo yomibili, owokungakholwa nokaPhapha. UDaniyeli waqale wabona iRoma eyayingakholwa, eyayiphethwe amakhosi, ilwa namaJuda kanye namaKrestu okuqala, iqhubeka njalo kuze kube yizinsuku zethu, idlulele esikhathini esizayo."—*The Seventh-day Adventist Bible Commentary,* vol. 4 ikhasi 841.

Ngokusho kwendimana, uphondo oluncane lwaqale lwenaba lwakhula kakhulu ukuya ngaseningizimu, empumalanga, nangasezweni elihle" (Dan. 8:9). Lezinkombandlela ezintathu zihambisana nezindawo ezinkulu ezintathu ezawela ngaphansi kokubuswa yiRoma elingakholwa.

Njengoba uphondo oluncane kuyilona olugqamayo kulombono, ukukhula kwalo ngokuqonde phezulu kuzobhekisiswa ngokujulile. Ngalendlela, loluphondo luhambisana ngokusondelene nophondo oluncane lukaDaniyeli 7, njengoba sibona kulokhu kuqhathaniswa: (1) Zombili lezimpondo zincane ekuqaleni (Dan. 7:8, Dan. 8:9). (2) Zombili ziyakhula zibe nkulu ekuhambeni kwesikhathi (Dan. 7:20, Dan. 8:9.). (3) Zombili ziyimibuso ehlukumezayo (Dan. 7:21, 25; Dan. 8:10, 24). (4) Zombili ziyaziphakamisa futhi ziyahlambalaza (Dan. 7:8, 20, 25; Dan. 8:10, 11, 25). (5) Zombili ziqonde abantu bakaNkulunkulu (Dan. 7:25, Dan. 8:24). (6) Zombili zinenxenye yokusebenza kwazo elinganiswa ngesikhathi sesiprofetho (Dan. 7:25; Dan. 8:13, 14). (7) Zombili ziqhubeka kuze kube yisikhathi sokugcina (Dan. 7:25, 26; Dan. 8:17, 19). (8) Futhi zombili zibhekene nokubhujiswa ngendlela engejwayelekile (Dan. 7:11, 26; Dan. 8:25). Okokugcina, ngenxa yokuthi uphondo oluncane lukaDaniyeli 7 lumele uPhapha, ukukhula okuqonde phezulu kophondo oluncane lukaDaniyeli 8 nakho kumele wona lowo mbuso. Ngakhoke, njengoba kunjalo kuDaniyeli 2 no 7, umbuso wokugcina omkhulu yiRoma engakholwa nekaPhapha.

Ukuhlaselwa Kwendlu Engcwele

Funda kuDaniyeli 8:10-12. Uphondo oluncane lubonakala lwenzani lapha na?

KuDaniyeli 8:10, uphondo oluncane luzama ukulingisa, ngokwasenkolweni, imizamo yabakhi baseBhabheli (Genesise 11:4). UDaniyeli naye utshengisa abathembekile bakaNkulunkulu bekhazimula njengezinkanyezi (Dan. 12:3). Ngokusobala, lokhu akusikho ukuhlasela ngezikhwepha lokho okusezulwini, kodwa, ukuhlushwa kwabantu bakaNkulunkulu, "abanobuzwe babo ezulwini" (Filipu 3:20). Nakuba-nje kuyizinkulungwane zamaKrestu ezabulawa ababusi baseRoma, manje sekugxilwe ekusebenzeni okuqonde phezulu kophondo oluncane. Kanjalo-ke ukugcwaliseka kwalesiprofetho kuxhunyaniswa neRoma ebuswa nguPhapha, nokushushisa kwayo kuyo yonke iminyaka. Futhi uDaniyeli 8:;11 ukhuluma "ngesikhulu" okukhulunywa ngaso kwenye indawo kuye uDaniyeli ngokuthi "oGcotshiweyo uMbusi" (Dan. 9:25), u "Mikayeli, isikhulu senu" (Dan. 12:1). Akekho omunye ngaphandle kukaJesu Krestu abengabhekiswa kuye lamazwi. UJesu Krestu uyiSikhulu salesixuku noMpristi oMkhulu wethu ezulwini. Ngakhoke, uPhapha nohlelo lwakhe lwenkolo uzama ukweqa nokululaza umsebenzi wobupristi kaJesu.

KuDaniyeli 8:11, amazwi athi "umnikelo oshiswa imihla yonke" akhulunywa ngokuqondene nethempeli lasemhlabeni, ukusho imikhakha ehlukene neqhubekayo yezinkonzo — kuhlanganisa imihlatshelo nokushweleza. Izoni zithethelelwa ngalezinkonzo, kususwe izono endlini engcwele. Lolohlelo lwasemhlabeni lumele umsebenzi kaKrestu wokusincengela ethempelini lasezulwini. Ngakhoke, njengoba kuprofethiwe, uPhapha ufaka ukushweleza kukaKrestu afake esikhundleni sakho, okwabapristi. Ngalokhu kukhonza-mbumbulo okunje, uphondo oluncane lususa umsebenzi kaKrestu wokushweleza, okufanekisa ukudicilela phansi ithempeli likaKrestu.

"Lwaphonsa phansi iqiniso, lwenza njengentando yalo, lwaba nempumelelo" (Dan. 8:12). UJesu uzibiza ngokuthi uyiqiniso (Johane 14:6) aphinde athi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso (Johane 17:17). Ngokuphambene nalokho, uPhapha wenqabela ukuhunyushelwa kweBhayibheli ezilimini zabantu, ubeka ukuhunyushwa kweBhayibheli ngaphansi kwegunya lebandla, wathi umlando noma amasiko, alingana neBhayibheli njengesimiso sokukholwa.

Lesifundo kumelwe sisitsheleni ngokubaluleka nokuba yigugu kolwazi lweqiniso lweBhayibheli uma kuqhathaniswa namasiko abantu?

Ukuhlanjululwa Kwendawo eNgcwele

Funda ku Daniyeli 8:14. Kwenzekani lapha?

Ngemuva kokuhlasela okuqothulayo kophondo, kwenziwa isimemezelo esithi indlu engcwele izohlanjululwa. Ukuze siqonde lesigijimi, asikhumbule ukuthi ukuhlanzwa kwendlu engcwele okukhulunywa ngakho kuDaniyeli 8:14 kuhambisana nokwahlulela esikubona kuDaniyeli 7:9-14. Futhi njengoba lokho kwahlulela kwenzeka ezulwini, kusho ukuthi indawo engcwele isezulwini nayo. Kanjalo-ke, ngesikhathi uDaniyeli 7 etshengisa ukungenelela kukaNkulunkulu ngokwahlulela ebudlelwaneni babantu, uDaniyeli 8 uchaza sona leso sigameko ngokwendlu engcwele. Indlu engcwele yasemhlabeni yayakhiwe ngokwephethini yaleyo yasezulwini, futhi yayibonakalisa ukusebenza kwecebo losindiso. Zonke izinsuku, izoni zaziletha imihlatshelo endlini engcwele lapho abantu babexolelwa khona izono zabo ezivunyiwe, njengoba izono, ngenye indlela, zazibekwa endlini engcwele. Umphumela walokho, ukuthi indlu engcwele yangcoliswa. Ngakhoke, kwakudingeka ukuhlanjululwa ngezikhathi ezithile ukuze kuhlanzwe indlu engcwele ezonweni ezibhalwe lapho. Kwakubizwa ngokuthi Usuku Lokubuyisana, kanti lwalwenzeka kanye ngonyaka (bheka kuLevitikusi 16).

Kudingeke ngani ukuhlanzwa kwendlu engcwele yasezulwini? Sisebenzisa umfuziselo othi izono ezivunyiwe zalabo abamukele uJesu “zidluliselwe” endaweni engcwele yasezulwini ngendlela efanayo izono abakwaIsrayeli abaguqukayo zazidluliselwa endlini engcwele yasemhlabeni. Ngosuku lokubuyisana lwasemhlabeni, kwakuhlatshwa izilwane eziningi, okwakukhomba ukufa kukaJesu okwakuzokwenzeka, okwakuyiyona-ndlela izoni ezazikwazi ngayo ukuma ngosuku lokubuyisana. Futhi, njengoba kwakwenzeka ngosuku lokubuyisana lwasemhlabeni uma kuhlanjululwa indlu engcwele, kangakanani-ke kwelasezulwini, lapho igazi likaKrestu kuphela lisiwelisa ekwahlulelweni? Ukuhlanzwa kwendlu engcwele, esikubona kuDaniyeli 8:14, kuyilokho okwakukhonjwa okwasemhlabeni ezazinesigijimi esithi: njengezoni, sidinga igazi likaMesiya ukuze kuxolelwe izono zethu sikwazi ukuma ekwahlulelweni.

Funda kumaHeberu 9:23-28. Lezindimana zikwembula kanjani ukusindiswa esinakho kuJesu ngenxa yomhlatshelo waKhe asenzela wona na?

Ukuhlelwa Kwesikhathi Sesiprofetho

Funda kuDaniyeli 8:13. Uthini umbuzo obuzwa lapha, futhi usisiza kanjani ukuthi siqonde impendulo endimaneni elandelayo?

Sithini isikhathi sokuhlwa nokusa okungu 2 300? Okokuqala, asiphawule ukuthi ngemuva kokuthi uDaniyeli etshengiswe inqama nembuzi, okwalandelwa yizenzo nomonakalo owenziwa uphondo oluncane, umbono uphenduka umbuzo kuDaniyeli 8:13. Lombuzo uqondene kakhulu nokuzokwenzeka ekupheleni kwaleso sikhathi esiprofethiwe, hhayi ubude baso. Futhi, lesikhathi ngeke kwathiwa siqondene kuphela nobude bezenzo zophondo oluncane, ngoba igama elithi umbono lihlanganisa yonke into, kusukela kwinqama kuye kuzenzo zophondo oluncane. Ngakhoke lesi yisikhathi eside esenzeka ngempela emlandweni.

Kulombuzo othi "Uyakuba khona kuze kube nini lombono" (inqama [Medo-Pheresiya], impongo [Grisi], uphondo oluncane nezenzo zalo [iRoma elingakholwa nelikaPhapha]), lo omunye ongcwele waphendula wathi: "Koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese yihlanjululwa indlu engcwele" (Dan. 8:14). Njengoba sekuphawuliwe ngaphambili, lesikhathi side kangaka-nje ngoba siqala ngesikhathi sombuso wamaMedo-Pheresiya, siqhubeke kube umbuso wamaGreki kuze kube yiRoma elikholwayo nelikaPhapha. Ngokwendlela yokuhumusha ngokusebenzisa umlando (bheka isifundo 1), lesikhathi sesiprofetho kufuneka sibalwe ngokusebenzisa umthetho othi usuku lumele unyaka, okusho ukuthi lezikhathi zokuhlwa nokusa okungu 2 300 kulingana nobude besikhathi seminyaka engu 2 300. Ukuba bekungenjalo, ngabe kusho ukuthi lezinsuku ezingu 2 300 zenza iminyaka edlule kancane-nje kweyisithupha, okungaba yisikhathi esifushane kakhulu ukuthi kwenzeke zonke lezigigaba ezisembonweni. Kanjalo-ke lomthetho wokuthi usuku lumele unyaka uyasebenza. UDaniyeli 8 akasiniki ulwazi olungasisiza sibale ukuqala kwalesikhathi, okuyinto engasitshela nangesiphelo saso. Kodwa uDaniyeli 9 usinika ulwazi olubalulekile (bheka isifundo seviki elizayo).

Iminyaka engu 2 300 yalesiprofetho yenza okuyisona siprofetho eside kunazo zonke eBhayibhelini. Cabanga-nje: iminyaka engu 2 300! Yisikhathi eside leso, kakhulukazi uma uqhathanisa nokuthi abantu baphila isikhathi esingakanani manje. Lokhu kuqhathanisa kusisiza kanjani ukubekelela uNkulunkulu kanye nokubheka kwethu ukugcwaliseka kwezigameko zokugcina?

Ukujula Nomcabango:

Lapha ngenzansi kunohla olutshengisa ngokufingqiwe lokho ebesifunda ngakho mayelana nokulandelana kwemibuso esiyibone kuDaniyeli 2, 7, no 8. Lokhu kusitshelani ngokuhlanzwa kwendlu engcwele na?

Daniel 2	**Daniel 7**	**Daniel 8**
Bhabhiloni	Bhabhiloni	-
Medo-Pheresiya	Medo-Pheresiya	Medo-Pheresiya
Grisi	Grisi	Grisi
iRoma engakholwa	iRoma engakholwa	iRoma engakholwa
iRoma kaPhapha	iRoma kaPhapha	iRoma kaPhapha
-	Ukwahlulelwa ezulwini	Ukuhlanzwa kwendlu engcwele
Ukubuya kukaJesu [Itshe liphonswa Kungengasandla)	Ukubuya kukaJesu [Abangcwele bathola umbuso]	Ukubuya kukaJesu [Ukubhujiswa ngaphandle kwesandla]

Njengoba sibona lapha, kukhona okufanayo kulezahluko. Akusikho nje kuphela ukuthi izizwe zitshengiswe zamataniswa, ukwahlulela kuDaniyeli 7—okuvela ngemuva kweminyaka engu 1 260 (A.D. 438-1798 B.C.) yokubusa kweRoma kaPhapha, ihambisana ngqo, nokuhlanzwa kwendawo engcwele, okuvela ngemuva kweRoma nakho ngokusho kuka Daniyeli 8. Ngamafuphi, lokhu kwahlulela okukuDaniyeli 7—ukwahlulela okuholela ekupheleni komhlaba—yinto efanayo nokuhlanzwa kwendlu engcwele kuDaniyeli 8. Lapha sinikwa izithombe ezimbili zento eyodwa, kanti zombili zenzeka ngemuva kweminyaka engu 1 260 yokushushiswa okwenziwa uphondo oluncane.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Loluhla olungenhla lusitshengisa kanjani ukuthi ukuhlanzwa kwendlu engcwele, okuyinto efanayo nokwahlulela kuDaniyeli 7, kwenzeka ngemuva kwesiprofetho seminyaka engu 1 260 ngophondo oluncane, kodwa ngaphambi kokumiswa kombuso kaNkulunkulu ekugcineni ?

2. Isiprofetho sikaDaniyeli 8 sifanekisa umlando onodlame nogcwele ububi. Lezilwane (Dan. 8:8-12). Umbuso wophondo oluncane ophamuka ngemuva kwayo, ungumbuso onesihluku noshushisayo (Dan. 8:23-25). Kanjalo, iBhayibheli lapha alizami ukululaza iqiniso lokuhlushwa kulomhlaba. Lokho kufanele kusisize kanjani ukuthi sifunde ukwethemba uNkulunkulu nokulunga kwaKhe phakathi kobubi obusizungezile na?